**USARS umemezela ukuqala kwesiKhathi sokuBuyisa Amafomu ngemininingwane ngentela angonyaka wentela wezi-2024**

**Tshwane, 28 kuNhlangulana 2024** – UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) umemezele umhla ziyi-15 kuNtulikazi 2024 njengosuku lokuqala kwesiKhathi sokuBuyisa Amafomu ngemininingwane ngentela kubakhokhintela besikhashana nakulabo abavulelekile okulindeleke ukuba babuyise amafomu abo ngemininingwane ngentela. Ukuhlolwa nge-auto-assessment kubakhokhintela abaningi kuzoqala kusukela mhla lu-1 kuNtulikazi kuya kumhla ziyi-14 kuNtulikazi 2024.

Abakhokhintela abashintshe imininingwane yabo yokuxhumana, kubandakanya ikheli le-imeyili kanye nenombolo yeselula, kanjalo nemininingwane yasebhange, kumele babukeze le mininingwane ku-eFiling noma ku-SARS MobiApp ukuze isiKhathi sokubuyisa amafomu ngemininingwane ngentela sizoba lula kungabi nazihibe. Ukubukezwa kwalolu lwazi kuhamba ibanga elide ekuvimbeni ukukhwabanisa nokugunyathwa kwemininingwane ekuhlonzayo.

UKhomishana wakwaSARS, u-Edward Kieswetter, uqinisekise abakhokhintela ngokuthi uSARS ulokhu ezinikele ekwenzeni isiKhathi sokubuyisa amafomu ngemininingwane ngentela kubakhokhintela abavamile kube yinqubo edinga ukuba umkhokhintela enze okuncane noma angenzi lutho, ngenxa yokusetshenziswa kwemininingo eminingi, umshini ofundisekayo nezibalo.

Ngokuhambisana nokuphokophelwe kokwenza kube lula kubakhokhintela ukuhlangabezana nezibophezelo zabo ngokomthetho, uSARS uyaziqhenya ngokumemezela ukuthi isibalo sabakhokhintela abaningi abazohlolwa nge-auto-assessment sizonyuka sifinyelele cishe ku-4.8 million kulo nyaka uma kuqhathaniswa nabakhokhintela cishe abayi-3.8 million bangonyaka owedlule.

Abakhokhintela abavumelana nemiphumela ye-auto-assessment akukho okumele bakwenze. Uma kunemali ebuyayo ozoyithola, izokhokhwa emahoreni angama-72. Uma kukhona intela okuyikweleta uSARS, umkhokhintela kumele akhokhe ngosuku olungumnqamulajuqu.

Uma umkhokhintela engavumelani nomphumela we-auto-assessment, kumele enze ushintsho olufanele bese ebuyisa amafomu ngemininingwane ngentela ngendlela ejwayelekile ngokusebenzisa i-eFiling noma iSARS MobiApp mhla noma ngaphambi komhla zingama-21 kuMfumfu 2024, okuwusuku lokugcina lwabakhokhintela abavulelekile.

Izinsuku zesiKhathi sokuBuyisa amafomu entela:

- Izaziso ze-auto-assessment: 1 - 14 kuNtulikazi 2024

- Bakhokhintela ngabanye (abavulelekile: 15 kuNtulikazi 2024 - 21 kuMfumfu 2024
- Abakhokhintela besikhashana: 15 kuNtulikazi 2024 - 20 kuMasingana 2025
- Amathrasti: 16 kuMandulo 2024 - 20 kuMasingana 2025

UKhomishana uKieswetter uthe, “Ukuba kuningi kwezinkundla zokuxhumana abakhokhintela abangazisebenzisa kuqinisa umkhuba wesibalo esehlayo sabakhokhintela abadinga ukuya emagatsheni beyolinda emigqeni.” Kulindeleke ukuthi emasontweni amabili okuqala kuNtulikazi kanye nasemasontweni amabili okuqala kuMfumfu, njengoba abakhokhintela abaningi bezobe bejahe ukuxhumana noSARS, kungase kwenzeke abakhokhintela badinge ukulinda isikhathi eside kunesivamile ukuze bathole usizo.

Abakhokhintela abahlolwe nge-auto-assessment kodwa abafisa ukufaka isicelo sokukhokhelelwa isephulelombuyiselo ngesola kumele bagcwalise amafomu abo ngemininingwane ngentela bese bewathumela ngedlela ejwayelekile. Ngolwazi olwengeziwe mayelana nesaphulelombuyiselo sentela ye-solar luyatholakala kusizindalwazi sakwaSARS ku-sars.gov.za.

Abakhokhintela bangaxhumana noSARS ngokusebenzisa i-SARS Online Query System. I-SARS Online Query System indlela elula ukuyisebenzisa yenkundla ye-inthanethi ekusizindalwazi sakwaSARS (https://tools.sars.gov.za/soqs) . Abakhokhintela bangasebenzisa lolu sizo ngaphandle kokuya egatsheni lakwaSARS noma ukufonela uSARS. I-SARS Online Query System yenza abakhokhintela bakwazi ukwenza lokhu:

a. Ukuthumela umbuzo mayelana nokukhokha.
b. Ukucela inombolonkomba yakho yentela.
c. Ukuthumela amadokhumenti asekelayo uma uSARS ukucele ukuba wenze njalo.
d. Ukubika udaba olusha lwempahla yomufi.
e. Ukubukeza ummeleli obhalisiwe.
f. Ukucela isimo sakho sokuthobela intela.
g. Ukuqinisekisa isimo sakho sokuthobela intela.
h. Ukubheka ukuthi umkhokhintela uzohlolwa nge-auto-assessment yini, okungenziwa kuphela uma sekuqale isikhathi senqubo ye-auto-assessment esiqala mhla lu-1 kuNtulikazi.

Ulwazi olwengeziwe oluyimibuzo nezimpendulo luyatholakala kusizindalwazi sakwaSARS Tax Season | South African Revenue Service (sars.gov.za). Abakhokhintela bangaxhumana noSARS ngokusebenzisa i-Lwazi Chatbot noma bakhulume ne-ejenti bukhoma ku- Live Agent function ku-eFiling naku-SARS MobiApp.

UKhomishana Kieswetter unxusa abakhokhintela ukuba babe sobala futhi bafake okuyikho lapho begcwalisa bethumela amafomu abo ngemininingwane ngentela ukuze kuzosebenziseka kahle no-SARS. "Ukusetshenziswa kwezobuchwepheshe nemininingo kuthuthukise ukwazi kukaSARS ukuhlonza izimo zokungathobeli. Abakhokhintela akumele bakhulise izindleko zabo futhi badalule ngokungaphansi kwalokhu okuyikho kumalingeniso ukuze bezothola imali ebuyayo ngokungemthetho. Ukungabandakanyi imali oyithola ngokurentisa kungesinye sezibonelo. Ukwenza kanjalo kuzokwenza umkhokhintela abe necala lokukhwabanisa."

USARS ubonga abaqashi abathobelayo kanye nabahlinzeka ngemininingo abakwazile ukuhlangabezana nosuku olungumnqamulajuqu lokuthumela kowezi-2024. Ulwazi olushaya emhlolweni nolufika ngesikhathi oluhlinzekwa kulenqubo luyasiza kakhulu ekwenzeni ukuxhumana kwezisebenzi noSARS kube lula futhi kungabi nazihibe ngesiKhathi sokubuyisa amafomu ngemininingwane ngentela. Labo baqashi nabantu besithathu abangathobeli benza ukusebenzisana noSARS kube nzima ezisebenzini zabo kanti futhi bazolandelwa ngokuphula umthetho.

Abakhokhintela bangafunda kabanzi ngendlela yokusebenzisa izinkundla zedijithali zakwaSARS, ngokuvakashela umgudu we-YouTube SARS TV ukuze bathole amavidiyo afundisayo, noma ngokuvakashela isizindalwazi sakwaSARS (www.sars.gov.za) .

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za